HILLCREST HIGH SCHOOL
UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2014
ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA
IBANGA LESHUMINANYE (GRADE 11)
IPHEPHA LESIBILI (PAPER 2)
ABANGALUNCELANGA (NON-MOTHER)

ISIKHATHI: 2 Amhr.

IMIKLOMELO: 80

ISIBONGO:.................................

IGAMA:............................

OKUHLE KODWA/ ALL THE BEST!!!!!!!!!!!

# *QAPHELA UFUNDE !!!*

*IMIYALELO KUMFUNDI*

- *FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kukuqala ukubhala.*
- *MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo.*
- *Sebenzisa isiZulu esivumelekile.*
- *Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.*
- *Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.*
- *HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle.*
- *Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA*
- *FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.*

# IMIYALELO NGEZINCWADI

LELI PHEPHA LINEZINCWADI EZIMBILI

- PHENDULA IZINCWADI ZOMBILI OZIFUNDILE
- INCWADI NGAYINYE INAMAMAKI ANGA-35.
- UMA SEZIHLANGENE ZOMBILI KUMELE ZIKHIPHE AMAMAKI ANGA-70.
- QINISEKA UKUTHI AMAMAKI AKHO EZINCWADI ZOMBILI AYAHLANGANA KAHLE UMA UWABALA.

## *ISIQEPHU A*

*INOVELI*

*UMSHADO > Nelisiwe Zulu*

1. *Fundisisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho **EPHELELE.***

Kwavele koma amathe kuBheki. Wagwajaza. Wezwa izithukuthuku zimfoma kancane ebusweni. Wabona ukuthi into engcono akamshiye uSifiso lo. Nempela wenza kanjalo. Wanyamalala emehlweni kaSifiso.

Inkinga kwaba uSifiso luqobo manje. Ulwazi lwezinto ayenalo lwalummangaza uBheki. Wakhumbula umuntu ambone ebusuku. Wasola ukuthi kokunye kwakunguye uSifiso lo. Abone ukuthi nakanjani indaba kaLindiwe izogcina isifikile kuTholakele.

"Icebo liyozakha. Kodwa engimthandayo uTholakele. Angizame ukuthi angayizwa le ndaba kaLindiwe." Ukhuluma yedwa njengohlanya uBhekani.

Sisheshe siphume isikole. UBhekani akazi ukuthi namuhla uzomisa kanjani. Uma eya ekhaya, uzothi uyaphi uma esehlangabeza uTholi? Akafuni futhi ukungamhlangabezi uTholakele. Abone kungcono khona ukuhlala esitolo, kuze kufike uTholakele. Nempela wahlala. Kazi uLindiwe uzothi akabuyi ngani! "Sekuyobonakala ukuthi ngiphuma ngaliphi isu kuLindiwe," esho ezimisa isibindi uBheki.

Ahlale isikhashana esitolo aqhamuke uTholakele. Usemuhle ngokunye. Ambuke kahle eqonde kuye.

"Nangu umfazi wokushadwa," kusho uBheki ekhulumela phansi. Lumuthi heqe uvalo uma ekhumbula ukuthi unina akafuni nakumbona uTholi lo. Akhumbule indaba yenzilo uBheki. Athi esacabanga kanjalo afike kuTholakele. Babingelelane. UTholakele aqabule uBheki. Ethuke uBheki.

"Kahle bo, abantu bazothini?"

"Abantu baphi?"

"Laba abahamba lapha ezweni."

"Kahle wena Bheki. Kanti ukhuluma ngabantu ongabazi nokuthi obani?"

Imxake le ndaba yesibindi sikaTholi uBheki. Naye aziqinise. Bahambe uTholi ubuye amgaxe uBheki. Aziqhuthulule izandla ezimgaxile uBheki. Ahleke uTholi.

"Namuhla uzolala kwami Bheki."

"Kwakho?"

"Kwami. Ngifuna kuze kuse sibhekile."

"Senzani?"

1.1 USifiso noBhekani yini ebahlanganisile (relationship)? (2)

1.2 Babekuphi oSifiso noBhekani ngesikhathi bexoxa? (1)

1.3 Wathini uSifiso kuBhekani loku okwenza ukuthi kome amathe kuBhekani? (2)

1.4 Wambona kuphi uBhekani umuntu amsola ukuthi kwakunguSifiso ebusuku? (2)

1.5 Ubani lo Lindiwe acabanga ngaye uBhekani la? (1)

1.6 Wayekuphi uLindiwe ngesikhathi uBhekani ecabanga ngaye? (1)

1.7 Yini eyenza uBhekani asabe (scared) ukuya ekhaya ngalolu suku? Bhala uchaze ngamaphuzu amabili. (2)

1.8 Umama kaBhekani yini eyayimenza angamthandi uTholakele?(1)

1.9 Wethuswa yini uBhekani lapha esiqeshini? (2)

1.10 Phendula ngokukhetha impendulo EYODWA kulezi ezilapha ngenzansi bese ubhala uphawu (symbol).

1.10.1 Umfelokazi umuntu wesifazane osuke eshonelwe:

(i) Ingane yakhe.

(ii) Umyeni wakhe

(iii) Inkosikazi yakhe (1)

1.11 USifiso wathi uBhekani enzeni uma efuna ukubona ukuthi basuke benzani oTholakele noPamella uma besendlini kaTholakele? (1)

1.12 UBhekani wayenza yini into ayitshelwa uSifiso? Bhala uxoxe ukuthi kwenzekani ngalelo langa ngamaphuzu (points) AMATHATHU. (3)

1.13 Iphupho elalihlupha uBhekani nomama wakhe lalithini? (2)

1.14 Yini eyayenza uBhekani abenesiqiniseko (sure) ukuthi uTholakele uyena umuntu okufanele ashade naye? (2)

1.15 Bhala isigameko (incident) esisodwa lapho sithola khona uBhekani enodweshu lwangaphandle (external conflict) mayelana noTholakele UNGADLULI emgqeni EMINE. (4)

1.16 Yini ayisola (suspect) kuTholakele uBhekani ngalolu suku okuxoxwa ngalo la esiqeshini? (2)

1.17 UTholakele wayemthengeleni uBhekani ngalolu suku? (2)

1.18 Qondanisa okuku-A kanye naloko okuhambelana nako ku- B.
Bhala izimpendulo KUPHELA.
Isibonelo: 1.1 > (ii)

| A | | B |
|---|---|---|
| 1.18.1 | ENyawushane | (i) Umama kaBhekani wathi kufanele ayishise. |
| 1.18.2 | UBhatomu | (ii) Yathatha uLindiwe. |
| 1.18.3 | Ukushisa impepho. | (ii) Indawo aqashe kuyo uTholakele. |
| 1.18.4 | UZenze | (iii) Umnikazi wendlu okuqashe kuyo uTholakele. |
| 1.18.5 | Imoto | (iv) Umfowabo womyeni kaTholakela. |

(5)
[35]

## IṠIQEPHU B

## IZINDABA EZIMFUSHANE
## IZINYEMEZI ZOTHANDO > D.B.Z. Ntuli

## WAKUBONA WAKUBELETHA

1. *Fundisisa iziqephu EZIMBILI ezilandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.*

Mhlawumbe lokhu kwabe kuyindlela uNkulunkulu abe ehlola ngayo ubuqotho bokukholwa kwakhe. Uma uCele ayemphathe kahle ngenkathi esemi kahle, yini eyabe ingadala ukuba yena angamkhombisi ukubonga ekugcineni?

UZulu wabuza kuSonhlalakahle ukuthi kanti uhlelo lukaHulumeni lokungcwaba izimpabanga luhamba lugcine kuphi. USonhlalakahle wathi uHulumeni uye acele abangcwabi angcwabe ebese yena ekhokha lezo zindleko, kodwa manje abangcwabi baye bakhale ngokuthi imali abaye baxhaswe ngayo uHulumeni iye ibe ngencane kakhulu kunalezo abavamise ukuzinquma uma bengcwaba njengokwejwayelekile. Kungakho nje kuye kutholakale abantu sebengcwatshwe ndawonye emgodini owodwa.

USonhlalakahle wethembisa ukuthi yona imali uHulumeni aye ahlangabezane ngayo nomngcwabo ayiyimbi kakhulu. OkaMageba wabuza kuMaKhumalo ukuthi uthini, wathi naye akazi. Kwafika izwi ngaphakathi kuyena uZulu elathi makavume ukuthwala umngcwabo engazi ukuthi uyothini lapho sekuqhamuka abomndeni kaCele emva kwesikhathi bezomfuna kuyena.

"Uma-ke nivuma ukungcwaba uCele nina bakoMageba, kuzodingeka ukuba kube negodi elisemangcwabeni anezinombolo zikaMasipala ukuze kwaziswe amaphoyisa, kuthi nezihlobo zakhe zimthole kalula uma kwenzeka zigcina sezifuna iliba lakhe."

"Kunganjani-ke emangcwabeni aseZinkawini kuWiggins Road Mnumzane Mbonambi?" kubuza uZulu.

"Inkinga kayikho uma nje sizokwazi ukuthi ungcwatshwe kuphi. Sizokuya emaphoyiseni-ke ukuze uthole izincwadi ezifanele nezikunikeza igunya lesidumbu," kusho uSonhlalakahle ethatha amaphepha akhe ebhala, eqhubeka ethi: "Kuyothi ungaqeda-ke ukumngcwaba ulethe zonke izincwadi zezindleko zakho njengezemoto ethwale isidumbu, ibhokisi, ukudla, amakhaza kanye nokuqashwa kwamabhasi uma kukhona. Thina lokho sesiyokwedlulisela eminyangweni efanele yakwaHulumeni ukuze unxephezelwe."

Baphuma emahhovisi kuduma amakhanda bengakhulumisani abakwaMageba.

Sebebhalisile nasesiteshini samaphoyisa bayithola imvume yesidumbu. Inkinga yaba sekutholeni izindleko zabangcwabi. Bazama kubangcwabi abambalwa eThekwini kodwa besho izimali eziqhuma phezulu.

Kulapho-ke uMaKhumalo aphinde wamthethisa kakhulu futhi uZulu ethi

1.1 *Ubani lo othi mhlawumbe uNkulunkulu uhlola ubuqotho bokukholwa kwakhe?* (1)

1.2 Wayesebenzaphi uMnuz. Zulu ngenkathi eqala ukubonana noMnuz. Cele. (2)

1.3 UHulumeni wenzenjani uma kukhona umuntu oshonile esibhedlela kodwa ungatholakali umndeni wakhe? (2)

1.4 USonhlalakahle uzokwenzenjani ukuze uMnuz. Zulu athole igunya lokungcwaba isidumbu sika Mnuz. Cele? (2)

1.5 UMnuz. Zulu wamfaka kusiphi isibhedlela uMnuz Cele mhlazane emthola? (1)

1.6 Wayehamba nobani uMnuz. Zulu mhlazane eya kuSonhlalakahle? (1)

1.7 UMnuz. Zulu kwakufanele enzenjani uma eseqede ukungcwaba uMnuz. Cele. (1)

1.8 Incwadi eyatholwa uMnuz. Zulu yayibhalwe ukuthi iphuma kubani? (1)

1.9 Khetha impendulo elungile kulezi ozinikeziwe bese ubhala uphawu (symbol) KUPHELA.

1.9.1 UMnuz. Cela wangwcatshwa emangcwabeni ase:
- (i) eSeventini eMlazi.
- (ii) eZinkawini kuWiggins Road.
- (iii) eRedhill emangcwabeni. (1)

1.9.2 Imali eyayishiywe uMnuz. Cele kwakunga:
- (i) R150,000
- (ii) R1,500
- (iii) R15,000 (1)

1.10 Phendula ngokubhala igama ELILODWA embuzweni elandelayo.

1.10.1 Igama elilodwa likaMnuz. Zulu................

1.10.2 .........igama lengane kaMnuz. Zulu noMaKhumalo.

1.10.3 Igama likaSonhlakahle wasesibhedlela..................

1.10.4 Elinye igama likaMnuz. Mlahleni Cele...................

1.10.5 Ikhaya likaMnuz. Cele lise........................................ (5)

[ 18 ]

*NOMA NINI*

2. *Funda esisalendayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho* ***EPHELELE.***

"Hawu, sewungaze utshodiswe yiphupho nje? Uyangizwisa nje Gogo?" kubuza uSithole egegetheka, ephendukela kugogo. Phela ugogo lo unina kaMaShandu. Ngokushonelwa umyeni wakhe, wabe eselandela indodakazi yakhe, nakhu phela yayinguzinyobulala.

"Uphupha undiza ngebhanoyi lingabe lisahlala phansi yini?" kuncokola yena uSithole.

"Hhayi, uyakhuluma nje ngoba ungazi wena. Ngivuka ngikhala okwangempela wena."

"Uthi awuzukuphelelwa zinyembezi pho? Usho ukuthi uma usikhihla kangako, asekusele inkeshezana yazo pho?"

"He-he-he! Hhayi bo, Mkhwenyana, musa wena ukungibulala ngensini."

Ngalena egumbini labantwana kuzwakala amazwana amancane eshintshana ngempikiswano yabo. Unina ulokhu ezwakala ekhuza ukuze kungaliwa. Ngapha ekhishini uSizani useqedile ukugeza izitsha, useqoqile. Akhumbule ukuthi akásamtshelanga uMaShandu ukuthi u-Apple Face ubezobheda athini. Umama walapha ekhaya wayenendodakazi eyithathaphi?

"Sizani! We Sizani!"

"Yebo Gogo!"

"Awungiphe amanzi okuphuza ngehlise le nsini Mntanami."

"Obaba nomama-ke bona?" kubuza uSizani eselunguze ngapha ngakubo.

"Thina nobaba sicela itiye Sizo."

Uthe lapho eselethe itiye uSizani, abesebuza uMaShandu athi, "U-Apple Face ubethini Sizani?"

"Nakho-ke! Ungayeka ukuphupha kabi njengoba usunaka nokushiwo ngo-Apple Face?" kubuza uSithole egoqoza itiye lakhe.

"Habe, uthini uMatshana? Phela u-Apple Face akahlanyi ngaso sonke isikhathi. Ingani wake wasixoxela ukuthi wayengusigaxamabhande kanesi! Utheni Sizani?"

"Uthe ubefuna ukukhuluma nawe akutshele ngendodakazi yakho." Bahleke bagegetheke uSithole benomkhwekazi wakhe. Lumuthi nke uvalo uMaShandu, kudedeleke inkomishi imbhunyele ngetiye. Utheni u-Apple Face? Athi jeqe kumyeni wakhe, athole ukuthi abamnakile, asukume maqede angene ekamelweni labo.

Angene maqede azilahle embhedeni. U-Apple Face utheni? Wazi ngani ukuthi yena wake waba nengane yentombazane? Ungathi ngisho unina engayazi le mfihlo, yena eluhlanya nje, uyinuke emoyeni yini?

Akhumbule ngaleyo minyaka engamashumi amabili eyedlulayo. Ngemuva kokusifihla isisu ayesikhulelwe, kwaze kwafika isikhathi sokubeletha. Angayikhohlwa kanjani intombazanyana yakhe? Phela umkhango omhlophe phezu kweso layo langakwesobunxele akazange aphinde awubone kumuntu. Wake wazizwa eseba nothando lwentombazanyana yakhe. Inkinga kwakuwukuthi wayengeke ayigcina.

*2.1 Ubani lo baba axoxa naye la uMaShandu?* (1)

*2.2 Usebenza kuphi ubaba walapha ekhaya?* (1)

*2.3 Ugogo ozala bani lo okukhulunywa ngaye la?* (1)

*2.4 UMaShandu wayibelethela (give birth) kuphi le ngane yentombazane yakhe?* (2)

*2.5 Lalithini iphupho ayeliphupha uMaShandu?* (2)

*2.6 Wayekade esebenza muphi umsebenzi u-Apple Face engakabi uhlanya?* (2)

*2.7 Uthini umyalezo (message) umbhali (author) aqonde ukusifundisa wona ngale ndaba asibhalele wona? Chaza ngamaphuzu (points)* *(3)*

*2.8 Phendula imibuzo elandelayo ngokuthi **IPHUTHA** noma **IQINISO.***

*2.8.1 Umkhokheli wayebizwa ngokuthi umama uDuma.*

*2.8.2 UDelisiwe wathi uma elunguza esangweni kusalelwe kwaSithole wabona imoto yamaphoyisa.*

*2.8.3 Indodakazi kaMaShandu ayizala engakashadi yayinezinwele ezimhlophe ekhanda.*

*2.8.4 Igama lendodana kaSithole uSimphiwe.*

*2.8.5 Intombazane esebenza kwaSithole uSizani igama layo.*

*(5)*

*[17]*

*18+17 [35]*

*ISAMBA ESIPHELELE 35+35= [70]*